Ibhukwana Lezinyathelo Zokufundisa Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwa Uthisha

Shuter & Shooter
PIETERMARITZBURG • JOHANNESBURG • EAST LONDON • CAPE TOWN

Ababhali nabashicileli bayabonga ukunikwa imvume ngabanikazi bemisebenzi ukuba kusetshenziswe imisebenzi yabo kule ncwadi. Kwenziwa konke okusemandleni ukuthola bonke abanikazi bemisebenzi futhi abashicileli bangajabula ukuthola imininingwane engabasiza ukuze kulungiswe okusele nokungamaphutha uma incwadi isigaywa ngokulandelayo.



KUYICALA UKUFOTHOKHOPHA NOMA YILIPHI IKHASI KULE NCWADI NGAPHANDLE KWEMVUME EBHALWE PHANSI EVELA KUBASHICILELI

Shuter & Shooter Publishers (Pty) Ltd
Shuters House, 110 CB Downes Road, Pietermaritzburg 3201, KwaZulu-Natal, South Africa
PO Box 61, Mkondeni 3212, KwaZulu-Natal, South Africa

Copyright © Shuter & Shooter Publishers (Pty) Ltd 2022

First edition 2022

OS1000822

THIS IS AN ISIZULU READING SERIES: IZINYATHELO ZOKUFUNDA

Onke amalungelo agodliwe.
Akukho ngxenye yaleli bhuku engashicilelwa kabusha, igcinwe noma yenziwe esinye isimo, kungaba ngokufothokhopha, ukuqopha noma ngayiphi enye indlela ngaphandle kwemvume ebhalwe phansi yabashicileli. Lowo oyokwenza noma yini engagunyaziwe mayelana naleli bhuku uyobekwa icala noma ahlawuliswe kanzima.

Printed by Paarl Media *paarlmedia*, a division of Novus Holdings
xxxx

Uhlu lokuqukethwe

Isingeniso v

Isidlo sikaNono 1

Imidlalo yethu 8

Siya esikoleni 16

Umbukiso wezilwane 24

Uphi uNono? 32

UNono efika ekhaya 40

Isingeniso

Le incwajana eqondene ngqo nokusiza othisha ukuba bakwazi ukusebenzisa lolu chungechunge lwezincwadi **zesifundo sokufunda ngamaqembu** ezihlelwe ngokwamazinga okufunda. Kunezincwadi eziwuchungechunge oluluhlaza okwesibhakabhaka **ezisezingeni lesi-3** ezalaba bafundi **abasebangeni lesi-2**. Sizosiza othisha ngezifundo abazozilandela usuku nosuku ukusiza abafundi **abasebangeni lesi-2.** Enye yezimbangela eyenza kungaphumeleli ukufundisa ngamaqembu, ukungabi nesikhathi sokuhlela izifundo zesikhathi sokufunda ngamaqembu.

Nazi izinyathelo uthisha azozilandela uma enalezi zincwadi **ezisezingeni lesi-3.**

Isinyathelo sokuqala:

- Qiniseka ukuthi amaqembu uwathole ngokusebenzisa u -EGRA noma i-rubrikhi ukuwahlunga.
- Qikelela ukunikeza yilowo nalowo mfundi ithuba lokuphendula noma ukufunda.
- Akekho umfundi okumele kuphele isikhathi engatholanga ithuba.

Isihloko sencwadi ‘Isidlo sikaNono’ Izinga lesi-3

Ukulungiselela izifundo:

Yiba nekhadi elinesihloko sencwadi.



Yiba nalawa makhadi amagama amasha:

Amagama amasha	Amagama asetshenziswe kaningi
ilazani	uNono
eshibilika	uBathathe
kuzikhalela	uKuku
waphaphama	isidlo
sekubanda	
sezikhulile	
abafuyi	
ephenya	

Esifundweni 1

- **Xoxa** ngekhava yencwadi.
- **Buza**, "Konje ubani igama lekati? Ingabe ubukani uma umbheka? Usho ngani? Ubukeka sengathi kukhona akufunayo, qagela ukuthi ufunani?"
- **Yethula** isihloko sencwadi: **'Isidlo sikaNono'.**

Vula ikhasi elilandelayo

- **Chaza, "Le incwadi yokuqala kuleli zinga lesi-3, zikhona ezinye ezi-5 esizozifunda uma siqeda le.**

Vula ikhasi elilandelayo

- **Chaza, Y**abhalwa abakwa- Shuter & Shooter Kwazulu Natal, incwadi yabhalwa ngo 2017 babonise nenombolo yencwadi ISBN.

Vula ikhasi -1

- **Buza**, "Obani laba? Ingabe udla ini uNono?"
- **Babonise** igama, **'ilazani'** chaza kuyini.

Vula ikhasi 2 ne-3,

- **Buza**, "Kwenzakalani manje? Ucabanga ukuthi uthini uBathathe ngokudla kuNono, ingabe ubaphile yini uNono?"
- **Babonise** igama, '**eshibilika, kuzikhalela'** chaza kusho ukuthini.
- Abaqagele ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo.

Vula ikhasi 4 ne-5

- **Buza, "W**enzani uNono? Ucabanga ukuthi bathini oBathathe noKuku kuNono njengoba elele kanje?"
- **Babonise** igama '**ukudla weqise**' Chaza kusho ukuthini.
- **Buza**, "Qagela ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 6 ne-7

- Buza, "Kwenzakalani manje? Ucabanga ukuthi bayaphi uBathathe noKuku? Bheka uNono ulele, ingabe bazomvusa noma bazomshiya elele?"
- Babonise amagama **'waphaphama, sekubanda'** chaza kusho ukuthini**.**
- **Buza**, "Qagela ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Yisho, "Sizogcina la namhlanje siyoqhubeka ngesikhathi esilandelayo.**

Basize bakwazi ukuzwa amagama asesihlokweni bese beshaya izandla emagameni ngaphambi kokuthi bayohlala phansi.

Isidlo/ sikaNono/ > 2 amagama

Basize futhi bakwazi ukucozulula amagama ngokwemisindo. **Abashaye** izandla kulamagama asesihlokweni basho ukuthi mingaki imisindo esemagameni.

Isidlo > i/s/i/dl/o/ -5 imisindo
sikaNono > s/i/k/a/N/o/n/o/ -8 imisindo

Cozulula amagama ngokwemisindo	
eshibilika	e/sh/i/b/i/l/i/k/a/
ilazani	
waphaphama	
sekubanda	
kuzikhalela	

Esifundweni 2

Qhubeka nokuxoxa ngezithombe

- **Bakhumbuze** isihloko sendaba, '**Isidlo sikaNono**'
- **Buza,** "Sigcine kwenzekani?

Vula ikhasi 6 ne-7

- Bakhumbuze la nigcine khona.
- Buza, "Konje ubelaleleni uNono? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 8 ne-9

- Buza, "Kwenzakalani manje? Ucabanga ukuthi uzothini uKuku kuNono uma engqongqotha emnyango?"
- Babonise amagama **'ephenya, amakhaza'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza**, "Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 10 ne-11

- **Buza**, "Sengathi abangani bayakhuluma, ingabe bakhuluma ngani? Ucabanga ukuthi abantwana babo bona bakhuluma ngani?"
- Babonise amagama '**sezikhulile, abafuyi',** chaza kusho ukuthini.
- **Buza**, "Qagela ukuthi sekuzokwenzekalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 12 ne-13

- Buza, "Kwenzakalani manje la? Ucabanga ukuthi badla kudla kuni uNono, uBathathe noKuku kanye nezingane zabo?"
- Babonise igama '**isidlo sasemini'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza**, "Qagela ukuthi sebezokwenzani emva kokudla?"

Vula ikhasi 14 ne-15

- Buza, "Benzani manje abangani nezingane zabo?
- Babonise igama '**ababezoqhudelana'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza**, "Qagela ukuthi sebezokwenzani ekhasini elilandelayo?"

Basize bakwazi ukwakha ulwazimagama.

Umsebenzi

Bhala ulwazimagama nencazelo efanele kusichazamazwi	
isidlo	Ukudla okudliwa ngesikhathi esithile
ilazani	Ukudla okufana nemakharoni
eshibilika	eshelelayo
Ukudla weqise	Ukudla uze usuthe kakhulu
waphaphama	Ukuvuka ebuthongweni
sekubanda	sekumakhaza
ephenya	evula

Esifundweni 3

Qhubeka nokuxoxa ngezithombe

- **Bakhumbuze** isihloko sendaba, '**Isidlo sikaNono**'
- **Buza,** "Sigcine kwenzekani?

Vula ikhasi 14 ne-15

- Bakhumbuze la nigcine khona.
- Buza, "Konje yini indaba bebegeza izitsha abangani? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 16 ne-17

- Buza, "Kwenzakalani manje? Ucabanga ukuthi sebezokwenzani emva kokubeka izitsha?"
- Babonise amagama **'benyonyoba, amapali'** chaza kuyini.
- **Buza**, "Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo.

Vula ikhasi 18 ne-19

- Buza, "Ucabanga ukuthi baxoxa ngani abangani manje? Zenzani izingane zabo manje?"
- **Buza**, "Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo.

Vula ikhasi 20 ne-21

- Buza, "Hayi bo! Benzani manje abangani? Ucabanga ukuthi yini le abayidwebayo? Ingabe inkundla yebhola noma yezemidlalo, usho ngani?"
- Babonise amagama **'inkundla, abadlali'** chaza kuyini.
- **Buza**, "Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Yisho,** "Siyoqhubeka ngesikhathi esilandelayo sibone ukuthi kwenzakalani ekugcineni."

Esifundweni sesi-4

- **Sekufundwa incwadi namuhla.**
- **Bakhumbuze** isihloko sendaba **'Isidlo sikaNono'.**
- **Bafundele isihloko sencwadi.**

Vula ikhasi-1

- Bafundele umusho.
- **Buza, "**Yini ilazani? Ubani owake wayidla, injani?"
- **Bakhumbuze** igama, **'ilazani'**.
- **Buza, "**Ucabanga ukuthi kwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 2 ne-3

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -2.**
- **Buza, "**Uzikhalela ngani uBathathe?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini 3.**
- **Buza**, "Kuyini ukudla kwamakati?"
- **Babonise uphawu ',' ukhefane,** chaza ukuthi lusebenza kanjani.

Vula ikhasi 4 ne-5

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -4.**
- **Buza, "**Esikabani isisu esesingaka?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini 4.**
- **Buza**, "Kusho ukuthini ukudla weqise?"

Vula ikhasi 6 ne-7

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -6.**
- **Buza, "**Bahamba bayaphi oKuku manje?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini 7.**
- **Buza**, "Ucabanga ukuthi yini ephaphamisa uNono?"

Vula ikhasi 8 ne-9

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -8**
- Buza, "Uliphenyelani uKuku ikhethini? Yini indaba angavele avule nje?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -9**
- **Buza**, "Ubani lo othi wafa ngamakhaza? Qagela ukuthi uzomvulela yini uNono?"

Vula ikhasi 10 ne-11

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -10**
- **Buza**, "Obani izingane zabo? Kusho ukuthini ukuthi sezikhulile?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -11**
- **Buza**, "Obani abafuyi? Yini indaba bethengisa amachwane, imidlwane nemithinyane?"

Vula ikhasi 12 ne-13

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -12**
- **Buza,** "Yini isidlo sasekuseni? Udla ini wena ekuseni?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -13**
- **Buza**, "Ukudla kanjani ukudla ngobunono?"
- **Babonise** igama**, ngobunono'** chaza kusho ukuthini.
- **Yisho, "**Siyoqhubeka sizwe ukuthi bazokwenzani emuva kwesidlo sasekuseni."

Basize ubachazele isu leminwe emihlanu elizobasiza bakwazi ukuqala ukufunda amagama abehlulayo.



Isithupha –

- Shiya igama ongalazi bese ufunda umusho wonke.



Umunwe wokukhomba –

- Buka isithombe kanye nesihloko.



Umunwe ophakathi –

- Zibuze ikhona ingxenye yegama ongakwazi ukuyifunda.



Umunwe wendandatho –

- Phimisa igama ngokwemisindo.



Ucikicane –

- Buza uthisha wakho ukuthi igama lisho ukuthini.

Esifundweni sesi-5

- **Bakhumbuze** isihloko sendaba **'Isidlo sikaNono'**

Vula ikhasi 12 ne-13

- **Buza, "**Konje sigcine benzani abangani nezingane zabo? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo? Konje bekusho ukuthini ukuthi **'ngobunono'**?"

Vula ikhasi 14 ne-15

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -14**
- **Buza,** "Benzani uma beqeda ukudla?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -15.**
- **Buza**, "Babexoxa ngani? Ukwenzani ukuqhudelana? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 16 ne-17

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -16**
- **Buza**, "Ukwenzani ukunyonyoba? Ucabanga ukuthi owani lomqhudelwano wabo?"
- **Babonise** igama **'kubhuqa'** chaza kusho ukuthini.
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -17 umusho owodwa.**
- **Buza**, "Abani olayini abazobadweba?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -17 umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Yini le abangayazi abayoyibona khona?"

Vula ikhasi 18 ne-19

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -18**
- **Buza,** "Ingabe msebenzi muni lo abakhuluma ngawo?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -19**
- **Buza**, "Wena uyakwazi ukubuyisela izitsha emakhabetheni?"
- **Babonise** igama**, ngobunono'** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi 20 ne-21

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -20**
- **Buza,** "Yini inkundla? Yini umehluko phakathi kwenkundla yezemidlalo neyebhola?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -21**
- **Buza**, "Badweba ini?"

Vula ikhasi 22

- **Akufunde omunye umfundi**
- **Buza,** "Ingabe yiziphi izindawo zabo? Ingabe iyiphi imidlalo ababezoqhudelana ngayo?"
- **Yisho, "**Siyoqhubeka sidlale umdlalo ngendaba nesikhathi esilandelayo."

Basize ukukwazi ukuzwa nokubona amalunga emagameni anomsindo 'z'.

Mabashaye izandla kumalunga amagama.

veza >v/e/z/a/

siveze > s/i/v/e/z/e/

zabo > z/a/b/o/

Umsebenzi

Hlukanisa ngombala obomvu amagama ngokwamalunga	
zabo	z/a/b/o/
kubuza	
sezikhule	
amakhaza	
zethu	
nezingane	
izitsha	

Esifundweni 7


Bakhumbuze isihloko sendaba kanye nokulandelana kwezigameko lapho uKuku efuna iqanda lakhe.

- **Yisho,** “Namuhla kudlalwa umdlalo ngendaba.”
- **Buza**, “Obani abazoba abalingiswa?” UNono, uKuku, noBathathe
- **Buza, “U**bani ozoba imithinyane, imidlwane namachwane?
- **Buza**, “Ubani ozoxoxa indaba?”
- **Yisho,** “Abanye basiza abalingiswa.”

Awuqale-ke umdlalo. Basize uma bengasakhumbuli ukulandelana kwezigameko.

Umsebenzi

Hlela lezi zigameko ngokulandelana kwazo

Izehlakalo		Inombolo 1-6
Uyidla kanjani uNono into eshibilikayo?		
Ungabodla uze weqise Nono.		
Sekuyisikhathi sesidlo sasekuseni.		
Mmm! Imnandi ilazani!		
Babuyela ezindaweni zabo.		
Baqeda base begeza izitsha zabo.		

Isihloko sencwadi ‘Imidlalo yethu’ Izinga lesi-2 abafunda

Ukulungiselela izifundo:
Yiba nekhadi elinesihloko sencwadi.

Imidlalo yethu

Yiba nalawa makhadi amagama amasha:

Amagama amasha	Amagama asetshenziswe kaningi
inkundla	uKuku
ngesivinini	uBathathe
kubhuqa	uNono
shwi	umndeni
izibukeli	izingane
ungoti	bonke
sihalalisela	
babezungeza	
wabaluleka	

Esifundweni 1

- **Xoxa** ngekhava yencwadi.
- **Buze**, "Ubani lo? Yini indaba egqoke kanje? Usho ngani?"
- **Buza,** "Ingabe uBathathe noma umdlwane wakhe? Ingabe izokhuluma ngani lencwadi?"
- **Babonise** isihloko sencwadi.
- **Yethula** isihloko sencwadi: **'Imidlalo yethu'**

Vula ikhasi elilandelayo

- **Chaza, "**Le incwadi yesibili esezingeni lesi-3. Zikhona ezinye ezi-4 esizozifunda uma siqeda le**.**

Vula ikhasi elilandelayo

- **Chaza, Y**abhalwa abakwa- Shuter & Shooter ngonyaka ka-2017 Kwazulu Natal, babonise nenombolo yencwadi.

Vula ikhasi -1

- **Buza, "**Kwenzakalani la? Ingabe bayaphi abangani nezingane zabo? Konje sithini isihloko sencwadi?"
- **Babonise** igama, **'usuku'** chaza kuyini.

Vula ikhasi 2 ne-3,

- **Buza**, "Hayi bo! Kwenzakalani manje? Ubonani? Obani laba abafana nodokotela? Bazokwenzani enkundleni?"
- **Babonise** igama, '**inkundla**' chaza kusho ukuthini.
- Abaqagele ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo.

Vula ikhasi 4 ne-5

- **Buza, "**Benzani manje? Owani umugqa?"
- **Babonise** amagama '**ngesivinini, kubhuqa'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza**, "Qagela ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 6 ne- 7

- **Buza,** "Kwenzakalani manje? Ucabanga ukuthi ubani ozobashiya? Bheka ingane kaKuku, ingabe iyandiza noma igijima phansi?"
- Babonise amagama **'bhabhabha, izibukeli'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza**, "Qagela ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Yisho, "Sizogcina la namhlanje siyoqhubeka ngesikhathi esilandelayo.**

Basize bakwazi ukuzwa amagama asesihlokweni bese beshaya izandla emagameni ngaphambi kokuthi bayohlala phansi.

Imidlalo/ yethu/ > 2 amagama

Basize futhi bakwazi ukucozulula amagama ngokwemisindo. **Abashaye** izandla kulamagama asesihlokweni basho ukuthi mingaki imisindo esemagameni.

Imidlalo > i/m/i/dl/a/l/o/ -7 imisindo

yethu > y/e/th/u// -4 imisindo

Cozulula amagama ngokwemisindo	
imidlalo	i/m/i/dl/a/l/o/
inkundla	
ngesivinini	
kubhuqa	
izibukeli	

Esifundweni 2

Qhubeka nokuxoxa ngezithombe

- **Bakhumbuze** isihloko sendaba, '**Imidlalo yethu**'
- **Buza,** "Sigcine kwenzekani?

Vula ikhasi 6 ne-7

- Bakhumbuze la nigcine khona.
- Buza, "Konje sithe yini izibukeli? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 8 ne-9

- Buza, "Kwenzakalani manje? Ucabanga ukuthi sebeya kuphi manje?"
- Babonise amagama **'ungoti, shwi'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza**, "Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 10 ne-11

- **Buza**, "Sebekuphi manje? Ingabe ekabani ingane ezophuma phambili?"
- Babonise amagama '**sezikhulile, abafuyi',** chaza kusho ukuthini.
- **Buza**, "Qagela ukuthi sekuzokwenzekalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 12 ne-13

- Buza, "Kwenzakalani manje la? Ucabanga ukuthi uthini lo omile. Ubani ophume unombolo -1?"
- Babonise igama '**sihalalisele, kwakuduma ihlombe'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza**, "Qagela ukuthi sebezokwenzani emva kokudla?"

Vula ikhasi 14 ne-15

- Buza, "Benzani manje uNono nezingane zakhe? Ingabe bathini njengoba begijima, ingabe bajabulile? Usho ngani?"
- Babonise igama '**babezungeza'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza**, "Qagela ukuthi sebezokwenzani ekhasini elilandelayo?"

Basize bakwazi ukwakha ulwazimagama.

Umsebenzi

Bhala ulwazimagama nencazelo efanele kusichazamazwi	
inkundla	Indawo yezemidlalo
ngesivinini	Ukugijima ngejubane usheshe
kubhuqa	Ukusho into kodwa ube ungaqonde yona
izibukeli	Abantu ababukelayo umdlalo
ungoti	Umuntu okwazi ukwenza into ngokwadlulele
sihalalisele	Ukubongela umuntu ngokuphumelela
bezungeza	Ukuhamba ujikeleza indawo

Esifundweni 3

Qhubeka nokuxoxa ngezithombe

- **Bakhumbuze** isihloko sendaba, '**Imidlalo yethu**'
- **Buza,** "Sigcine kwenzekani?

Vula ikhasi 14 ne-15

- Bakhumbuze la nigcine khona.
- Buza, "Konje babejabuliswe yini uNono nabantwana bakhe? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 16 ne-17

- Buza, "Kwenzakalani manje? Ingabe sewuphelile yini umdlalo? Babukeka benjani?" **Buza**, "Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo.

Vula ikhasi 18 ne-19

- **Buza**, "Ucabanga ukuthi uthini manje uKuku? Usho ngani?"
- **Babonise** amagama '**bakwethu, sibemunye, wabaluleka'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza**, "Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo.

Vula ikhasi 20 ne-21

- Buza, "Hayi bo! Benzani manje abangani nezingane zabo? Ucabanga ukuthi balaleleni? Ingabe bakhathele noma sekusebusuku njengoba belele?"
- Babonise amagama **'cwaka, babehona'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza**, "Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Yisho,** "Siyoqhubeka ngesikhathi esilandelayo sibone ukuthi indaba yaphela kanjani."

Esifundweni sesi-4

- **Sekufundwa incwadi namuhla.**
- **Bakhumbuze** isohloko sendaba **'Imidlalo yethu'.**
- **Bafundele isihloko sencwadi.**

Vula ikhasi-1

- Bafundele umusho.
- **Buza, "**Ingabe olwani lolu suku olukhulu oselufikile?"
- **Bakhumbuze** igama, **'imidlalo'**.
- **Buza, "**Ucabanga ukuthi kuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 2 ne-3

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza, "**Konje sithe yini inkundla?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Ingabe usabani manje uNono?"
- **Babonise** uphawu **'!' umbabazi,** chaza ukuthi lusebenza kanjani.

Vula ikhasi 4 ne-5

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -4.**
- **Buza, "**Siqhumelani manje isibhamu? Yini isivinini"
- **Bakhumbuze** igama **'ngesivinini'**
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini 5.**
- **Buza**, "Kusho ukuthini ukubhuqa?"

Vula ikhasi 6 ne-7

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -6 umusho owodwa.**
- **Buza, "**Ingabe ekabani leyo ngane evula amaphiko?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Kanti owani lomdlalo owokundiza noma ukugijima?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini 7.**
- **Buza**, "Yini indaba kuduma ihlombe? Yini indaba izibukeli zimi ngenyawo? Ingabe zimemezelani ukuthi 'Kuku'?"

Vula ikhasi 8 ne-9

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -8**
- Buza, "Yini ungoti wokuphonsa?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -9**
- **Buza**, "Kusho ukuthini ukuthi shwi induku? Qagela ukuthi ekabani ingane ezowina?" Qagela sebezokwenzani manje ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 10 ne-11

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -10**
- **Buza**, "Benzani manje? Wake wawudlala wena umdlalo wokweqa intambo?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -11**
- **Buza**, "Ekabani ingane ephume phambili? Ingabe niqagele kahle?"

Vula ikhasi 12 ne-13

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -12**
- **Buza,** "Ingabe ubani othole unombolo -1? Ukwenzani ukuhalalisela umuntu? Bake bakuhalalisela wena, wawenzeni?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -13**
- **Buza**, "Ubani owakhe waphuma phambili? Wathola ini? Wazizwa unjani?"
- **Babonise** igama**, 'behalalisela'** chaza kusho ukuthini.
- **Yisho, "**Siyoqhubeka sizwe ukuthi bazokwenzani emuva kokuphela komdlalo."
- **Abaqagele** ukuthi kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo.

Basize ubachazele isu leminwe emihlanu elizobasiza bakwazi ukufunda amagama abehlulayo ngokushesha bangangingizi.



Isithupha –
- Shiya igama ongalazi bese ufunda umusho wonke.



Umunwe wokukhomba –
- Buka isithombe kanye nesihloko.



Umunwe ophakathi –

- Zibuze ikhona ingxenye yegama ongakwazi ukuyifunda.



Umunwe wendandatho –

- Phimisa igama ngokwemisindo.



Ucikicane –

- Buza uthisha wakho ukuthi igama lisho ukuthini.

Esifundweni sesi-5

- **Bakhumbuze** isihloko sendaba **'Imidlalo yethu'**

Vula ikhasi 12 ne-13

- **Buza, "**Konje sigcine kwenzakalani endabeni? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo? Konje bekusho ukuthini ukuthi **'bebahalalisela'**?"

Vula ikhasi 14 ne-15

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -14**
- **Buza,** "Ubani lo omemezayo? Usho ukuthini konke lokhu akushoyo?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -15.**
- **Buza**, "Yini indaba becula bezungeza? Ukwenzani ukuzungeza? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 16 ne-17

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -16**
- **Buza**, "Ingabe yini le ababexoxa ngayo eyayikade yenzeka?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -17.**
- **Buza**, "Ucabanga ukuthi uKuku noBathathe babejabulile yini nabo, usho ngani?"

Vula ikhasi 18 ne-19

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -18**
- **Buza,** "Ingabe ubani okhulumayo? Kusho ukuthini ukuthi **sibemunye**?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -19**
- **Buza**, "Kusho ukuthini ukuthi wabaluleka? Yini indaba ebaluleka uKuku?"
- **Bakhumbuze** igama**, wabaluleka'** chaza kusho ukuthini.
- **Abaqagele** ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo**.**

Vula ikhasi 20 ne-21

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -20 umusho owodwa.**
- **Buza,** "Yini indaba belele? Ingabe bakhathele noma sekusebusuku?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Babekhathazwe yini uma ucabanga? Ingabe kuyakukhathalisa yini wena ukudlala?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -21**
- **Buza**, "Ukwenzani ukuhona? Qagela ukuthi izophela kanjani indaba ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 22

- **Akufunde omunye umfundi**
- **Buza,** "Ingabe babelele ngoba kusebusuku noma ukuthi babekhathele? Ukwenzani ukotha ilanga?"
- **Yisho,** "Siyoqhubeka sidlale umdlalo ngendaba ngesikhathi esilandelayo."

Basize ukukwazi ukuzwa nokubona amalunga emagameni anomsindo 'w'.

Mabashaye izandla emisindweni yamagama.

weBathathe >w/e/B/a/th/a/th/e/

hawu > h/a/w/u/

Umsebenzi

Hlukanisa amagama ngombala obomvu ngokwamalunga	
weBathathe	w/e/B/a/th/a/th/e/
ngezinyawo	
wokuphonsa	
wakhe	
waqeda	
wabaluleka	
waqeda	

Esifundweni 7

Bakhumbuze isihloko sendaba kanye nokulandelana kwezigameko

- **Yisho,** “Namuhla kudlalwa umdlalo ngendaba.”
- **Buza**, “Obani abazoba abalingiswa?” UNono, uKuku, noBathathe.
- **Buza, “U**bani ozoba imithinyane, imidlwane namachwane?
- **Buza**, “Ubani ozoxoxa indaba?”
- **Yisho,** “Abanye basiza abalingiswa.”

Awuqale-ke umdlalo. Basize uma bengasakhumbuli ukulandelana kwezigameko.

Umsebenzi

Hlela lezi zigameko ngokulandelana kwazo

Izehlakalo		Inombolo 1-6
Yaze yayinhle inkundla weBathathe.		
Sasho saqhuma isibhamu.		
Bonke bahalalisela uNono nomndeni ngokuphuma phambili.		
Selufikile usuku olukhulu.		
Kwakuthule cwaka lapho sebelele bonke.		
UNono lo abamaziyo, abazange bambone!		

Isihloko sencwadi ‘Siya esikoleni’ Izinga lesi-3

Ukulungiselela izifundo:
Yiba nekhadi elinesihloko sencwadi.

Siya esikoleni

Yiba nalawa makhadi amagama amasha:

Amagama amasha	Amagama asetshenziswe kaningi
sizobaqamba	esikoleni
umdlalo	owami
zaqhubeka izinsuku	uKipi
cindezela	uBubu
amabhathini	uChwane
cwecwe	emakilasini
amabhuku asocwecweni	
imifaniswano	
izicucu	
ikhefu	

- **Xoxa** ngekhava yencwadi.
- **Buza**, "Obani laba? Kwenzakalani la, usho ngani?"
- **Buza,** "Konje obani abangani abathathu esilokhu sifunda ngabo? Ingabe izokhuluma ngani lencwadi uma ucabanga?"
- **Babonise** isihloko sencwadi**.**
- **Yethula** isihloko sencwadi: **'Siya esikoleni'**

Vula ikhasi elilandelayo

- **Chaza, "**Le incwadi yesi-3 esezingeni lesi-3. Zikhona ezinye ezi-3 esizozifunda uma siqeda le**.**

Vula ikhasi elilandelayo

- **Chaza, Y**abhalwa abakwa- Shuter & Shooter ngonyaka ka-2017 Kwazulu Natal, babonise nenombolo yencwadi. ISBN

Vula ikhasi -1

- **Buza, "**Kwenzakalani la? Ingabe baxoxa ngani uma ucabanga? Konje sithini isihloko sencwadi?"
- **Babonise** igama, **'sizobaqamba'** chaza kuyini.

Vula ikhasi 2 ne-3,

- **Buza**, "Hayi bo! Kwenzakalani manje? Ubonani? Ezani manje izimpahla uma ucabanga?"
- **Babonise** amagama, '**owami, uKipi, uBubu, uChwane, imifaniswano**' chaza.
- Abaqagele ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo.

Vula ikhasi 4 ne-5

- **Buza, "**Bayaphi manje? Usho ngani?"
- **Babonise** igama '**ukwahlukana'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza**, "Qagela ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 6 ne- 7

- **Buza,** "Kwenzakalani manje? Ucabanga ukuthi bakuphi futhi ubani lo ophethe iphepha? Ingabe uthini?"
- Babonise amagama **'wabemukela, uthisha omkhulu'** chaza kusho ukuthini**.**
- **Buza**, "Qagela ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Yisho, "Sizogcina la namhlanje siyoqhubeka ngesikhathi esilandelayo.**

Basize bakwazi ukuzwa amagama asesihlokweni bese beshaya izandla emagameni ngaphambi kokuthi bayohlala phansi.

siya/esikoleni/ > 2 amagama

Basize futhi bakwazi ukucozulula amagama ngokwemisindo. **Abashaye** izandla kulamagama asesihlokweni basho ukuthi mingaki imisindo esemagameni.

siya > s/i/y/a/ -4 imisindo

esikoleni > e/s/i/k/o/l/e/n/i/ -9 imisindo

Cozulula amagama ngokwemisindo	
esikoleni	e/s/i/k/o/l/e/n/i/
sizobaqamba	
uKipi	
uBubu	
uChwane	
imifaniswano	
wabemukela	

Esifundweni 2

Qhubeka nokuxoxa ngezithombe

- **Bakhumbuze** isihloko sendaba, '**Siya esikoleni**'
- **Buza,** "Sigcine kwenzekani?

Vula ikhasi 6 ne-7

- **Bakhumbuze** la nigcine khona.
- **Buza,** "Konje sithe yini **uthisha omkhulu**? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 8 ne-9

- **Buza,** "Hayi bo! Ucabanga ukuthi sebekuphi manje? Ubani lo ophambili? Ingabe baphetheni laba abahlezi phansi futhi benzani?"
- Babonise amagama **'cwecwe, amabhuku asocwecweni'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza**, "Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 10 ne-11

- **Buza**, "Ingabe benzani kulezi zicwecwe?"
- Babonise amagama '**cindezela, amabhathini'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza**, "Qagela ukuthi sekuzokwenzekalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 12 ne-13

- Buza, "Kwenzakalani manje la? Konje sidlala nini esikoleni?"
- Babonise igama '**mdlalo'** chaza kuyini.
- **Buza**, "Qagela ukuthi sebezokwenzani emva kokudla?"

Vula ikhasi 14 ne-15

- Buza, "Ingabe sebeyaphi manje? Usho ngani?"
- Babonise igama '**zaqhubeka izinsuku'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza**, "Qagela ukuthi sebezokwenzani ekhasini elilandelayo?"

Basize bakwazi ukwakha ulwazimagama.

Umsebenzi

Bhala ulwazimagama nencazelo efanele kusichazamazwi	
mdlalo	Into edlalwayo
Zaqhubeka izinsuku	Ahamba amalanga
cindezela	Ukubeka umunwe noma into ngamandla
amabhathini	Izinkinobho zokucindezela ikhompuyutha
cwecwe,'	Into encane
amabhuku asocwecweni	Izincwadi ezikukhompuyutha

Esifundweni 3

Qhubeka nokuxoxa ngezithombe

- **Bakhumbuze** isihloko sendaba, '**Siya esikoleni**'
- **Buza,** "Sigcine kwenzekani?

Vula ikhasi 14 ne-15

- Bakhumbuze la nigcine khona.
- Buza, "Konje bebeyaphi manje la? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 16 ne-17

- **Buza,** "Kwenzakalani manje? Ingabe wenzani uChwane? Ingabe angeke alimale yini? Yini ayiphethe sengathi iphukile?
- **Babonise** igama 'izicucu' chaza kuyini.
- **Buza,** "Yini sengathi uyakhala uChwane? Ingabe sekwenzenjani? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 18 ne-19

- **Buza**, "Ubani lo ophethe ucwecwe? Ingabe olukabani? Usho ngani?"
- **Babonise** amagama '**uzolukhokha, uJakalase, imibandela'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza**, "Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo.

Vula ikhasi 20 ne-21

- **Buza,** "Uthini manje uJakalase uma ucabanga? Ukhalelani uChwane?"
- Babonise igama **'ekhangeza'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza**, "Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Yisho,** "Siyoqhubeka ngesikhathi esilandelayo sibone ukuthi indaba yaphela kanjani."

Esifundweni sesi-4

- **Sekufundwa incwadi namuhla.**
- **Bakhumbuze** isihloko sendaba **'Siya esikoleni'.**
- **Bafundele isihloko sencwadi.**

Vula ikhasi-1

- Bafundele imisho emibili.
- **Buza, "**Ingabe izilwane ziyaya yini esikoleni? Yini indaba bezobaqamba amagama? Kanti bebengenawo yini?"
- **Bakhumbuze** igama, **'sizoziqamba'**.
- **Buza, "**Ucabanga ukuthi kuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 2 ne-3

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa ekhasini -2**
- **Buza, "i**ngane kabani uNono?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Ingane kabani uBubu?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Ingane kabani uChwane?"
- **Babonise amagama 'uKipi, uBubu, uChwane'**
- **Babonise** uphawu **',' ukhefane,** chaza ukuthi lusebenza kanjani.
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -3.**
- **Buza, "**Yini abazobathengela yona? Yini umfaniswano?"
- **Bakhumbuze** igama **'umfaniswano'**

Vula ikhasi 4 ne-5

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa ekhasini -4.**
- **Buza, "**Kusho ukuthini ukuthi zibheke esikoleni?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza, "**Babezozishiyelani izingane esikoleni?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini 5.**
- **Buza**, "Babehambelani ndawonye uma ucabanga?"

Vula ikhasi 6 ne-7

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -6.**
- **Buza, "**Kusho ukuthini ukuthi thisha omkhulu?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini 7.**
- **Buza**, "Ucabanga ukuthi sebeyokwenzani emakilasini?"

Vula ikhasi 8 ne-9

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa ekhasini -8**
- **Buza,** "Kuyini amabhuku?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Ucabanga ukuthi yini lolucwecwe olushiwo uthisha?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -9**
- **Buza**, "Amabhuku anjani asocwecweni? Yini ababezoyenza kulolu cwecwe? Qagela sebezokwenzani manje ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 10 ne-11

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -10**
- **Buza**, "Benzani manje? Kusho ukuthini ukucindezela amabhathini?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -11**
- **Buza**, "Benzani ngesikhathi sekhefu? Yini isikhathi sekhefu? Nina nenzani ngesikhathi sekhefu?"

Vula ikhasi 12 ne-13

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -12**
- **Buza,** "Ingabe mdlalo muni lo abawuthandayo bonke?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -13**
- **Buza**, "Ucabanga ukuthi yini indaba uChwane eme yedwa?"
- **Yisho, "**Siyoqhubeka sizwe ukuthi yini indaba uChwane eme yedwa."
- **Abaqagele** ukuthi kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo.

Basize ubachazele isu leminwe emihlanu elizobasiza bakwazi ukufunda amagama abehlulayo ngokushesha bangangingizi.



Isithupha –

- Shiya igama ongalazi bese ufunda umusho wonke.



Umunwe wokukhomba –

- Buka isithombe kanye nesihloko.



Umunwe ophakathi –

- Zibuze ikhona ingxenye yegama ongakwazi ukuyifunda.



Umunwe wendandatho –

- Phimisa igama ngokwemisindo.



Ucikicane –

- Buza uthisha wakho ukuthi igama lisho ukuthini.

Esifundweni sesi-5

- **Bakhumbuze** isihloko sendaba **'Siya esikoleni'**

Vula ikhasi 12 ne-13

- **Buza, "**Konje sigcine kwenzakalani endabeni? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 14 ne-15

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa ekhasini -14**
- **Buza,** "Kusho ukuthini ukuthi zaqhubeka izinsuku?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Yini umngani? Ingabe wena kwakuthatha isikhathi esingakanani ukuthi ube nomngani?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -15.**
- **Buza**, "Ingabe ulibekelani uJakalase ucwecwe lwakhe eduze nogodo? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"
- **Bakhumbuze** amagama **'uJakalase, nogodo.**

Vula ikhasi 16 ne-17

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -16**
- **Buza**, "Ingabe uyahleka noma uyathuka uChwane?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- Buza, "Siyezwa ukuthi wayejabulile noma esaba, yisho wayenjani?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -17.**
- **Buza,** "Yini izicucu? Kwakungezani izicucu ezazicoshwa uChwane? Ingabe wayekhalelani uChwane?"

Vula ikhasi 18 ne-19

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -18**
- **Buza,** "Kusho ukuthini ukukhokha? Ingabe wayezokhokhelani uChwane?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -19**
- **Buza**, "Kuyini imibandela? Yini indaba engafisi nokuthi azi umama wakhe?"
- **Bakhumbuze** igama **'imibandela'** chaza kusho ukuthini.
- **Abaqagele** ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo.

Vula ikhasi 20 ne-21

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -20 umusho owodwa.**
- **Buza,** "Kusho ukuthini ukukhangeza? Uyifunelani uJakalase imali kuChwane?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Yini indaba besaba ukusiza uChwane?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -21**
- **Buza**, "Uzikhalela uthini uChwane?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo**
- **Buza,** "Yini le ekhalisa uChwane?"

Vula ikhasi 22

- **Akufunde omunye umfundi**
- **Buza,** "Kusho ukuthini ukuzidela? Wamazisa ukuthini umama wakhe?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo**
- **Buza, "**Ingabe into enhle yini ukuxolisa? Sifundo sini ositholayo?"
- **Yisho, "**Siyoqhubeka sidlale umdlalo ngendaba esikhathini esilandelayo."

Basize ukukwazi ukuzwa nokubona amalunga emagameni anomsindo 'bh'.

Mabashaye izandla emisindweni yamagama.

amabhokisi >a/m/a/bh/o/k/i/s/i/
amabhuku > a/m/a/bh/u/k/u/

Umsebenzi

Hlukanisa amagama ngombala obomvu ngokwamalunga	
amabhokisi	a/m/a/bh/o/k/i/s/i/
amabhuku	
ibhola	
bhaka	
amabhathini	
bheka	
bhala	

Esifundweni 7

Bakhumbuze isihloko sendaba kanye nokulandelana kwezigameko

- **Yisho,** “Namuhla kudlalwa umdlalo ngendaba.”
- **Buza**, “Obani abazoba abalingiswa?” UNono, uKuku, noBathathe, uthisha omkhulu?”
- **Buza, “U**bani ozoba uChwane, uKipi, uBubu noJakalase?”
- **Buza, “**Ubani ozoba ezinye izilwane?”
- **Buza**, “Ubani ozoxoxa indaba?”
- **Yisho,** “Abanye bazosiza abalingiswa.”

Awuqale-ke umdlalo. Basize uma bengasakhumbuli ukulandelana kwezigameko.

Umsebenzi

Hlela lezi zigameko ngokulandelana kwazo

Izehlakalo		Inombolo 1-6
Sizobathengela umfaniswano.		
Namuhla zonke izingane zibheke esikoleni.		
Bacindezela amabhathini.		
Sizobaqamba amagama.		
Letha imali, Chwane.		
Baze bajwayela esikoleni.		

Isihloko sencwadi ‘Umbukiso wezilwane’ Izinga lesi-3

Ukulungiselela izifundo:
Yiba nekhadi elinesihloko sencwadi.

Umbukiso wezilwane

Yiba nalawa makhadi amagama amasha:

Amagama amasha	Amagama asetshenziswe kaningi
umbukiso	zilwane
uqedisizungu	uNono
bahalalisa	uBathathe
ebhange	uKuku
yokuthokozisa	
nemicimbi	
kunyenyeza	
kuphawula	
mnyawu	
wayeqhaqhazela	

- **Xoxa** ngekhava yencwadi.
- **Buza**, "Kwenzakalani la, usho ngani?"
- **Buza,** "Nisamkhumbula lo? Konje ubani igama lakhe? Ingabe wenzani uma ucabanga?"
- **Babonise** isihloko sencwadi**.**
- **Yethula** isihloko sencwadi: **'Umbukiso wezilwane'**

Vula ikhasi elilandelayo

- **Chaza, "**Le incwadi yesi-4 esezingeni lesi-3. Zikhona ezinye ezi-2 esizozifunda uma siqeda le**.**

Vula ikhasi elilandelayo

- **Chaza, Y**abhalwa abakwa- Shuter & Shooter ngonyaka ka-2017 Kwazulu Natal, babonise nenombolo yencwadi. ISBN

Vula ikhasi -1

- **Buza, "**Kwenzakalani la? Usabakhumbula abangani abathathu? Obani amagama abo? Konje sithini isihloko sencwadi?"
- **Babonise** igama, **'umbukiso'** chaza kuyini.

Vula ikhasi 2 ne-3,

- **Buza**, "Hayi bo! Kwenzakalani manje? Benzani abangani? Ingabe bayacula yini uma ucabanga?"
- **Babonise** amagama, '**uqedisizungu, zizosilekelela, ebhange'** chaza.
- Abaqagele ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo.

Vula ikhasi 4 ne-5

- **Buza, "Ake nibabheke benzani** manje?"
- **Babonise** amagama '**babethathekile, behalalisa, imicimbi'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza**, "Qagela ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 6 ne- 7

- **Buza,** "Kwenzakalani manje? Ucabanga ukuthi bayaphi bonke laba bantu? Ingabe benzani abangani abathathu?"
- Babonise amagama **'ofuye, nemicabango'** chaza kusho ukuthini**.**
- **Buza**, "Qagela ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Yisho, "Sizogcina la namhlanje siyoqhubeka ngesikhathi esilandelayo.**

Basize bakwazi ukucozulula amagama ngokwemisindo. **Abashaye** izandla kulamagama asesihlokweni basho ukuthi mingaki imisindo esemagameni.

umbukiso> u/m/b/u/k/i/s/o -8 imisindo

wezilwane> w/e/z/i/lw/a/n/e// -8 imisindo

Cozulula amagama ngokwemisindo	
ofuye	o/f/u/y/e/
nemicabango	
babethathekile	
behalalisa	
uqedisizungu,	
uqedisizungu	
zizosilekelela	
ebhange	
imicimbi	

Esifundweni 2

Qhubeka nokuxoxa ngezithombe

- **Bakhumbuze** isihloko sendaba, '**Emcimbini wezilwane'**
- **Buza,** "Sigcine kwenzekani?

Vula ikhasi 6 ne-7

- **Bakhumbuze** la nigcine khona.
- **Buza**, "Kwenzakalani la? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 8 ne-9

- **Buza,** "Ucabanga ukuthi abangani laba bantu njengoba bebukela izilwane? obani laba abangasemuva kwesiteji? Ingabe benzani?"
- Babonise amagama **'kunyenyeza , kuphawula'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza**, "Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 10 ne-11

- **Buza**, "Ingabe benzani manje? Ingabe bafunani njengoba besondela nje? Ucabanga ukuthi bazobamba uKuku noma uNono"
- Babonise amagama '**cupha, ingoma'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza**, "Qagela ukuthi sekuzokwenzekalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 12 ne-13

- **Buza,** "Ingabe kwenzakalani manje la? Uphi uNono? Ingabe abalekelani lamadoda?"
- **Babonise** igama '**Mnyawu, yaphonsa, ekesini'** chaza kuyini.
- **Buza**, "Qagela ukuthi sebezokwenzani emva kokudla?"

Vula ikhasi 14 ne-15

- **Buza,** "Kukuphi manje la? Ingabe obani laba futhi ubani lo ophakathi?"
- **Babonise** igama '**nse..., isicabha, wayeqhaqhazela'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza**, "Qagela ukuthi sebezokwenzani ekhasini elilandelayo?"

Basize bakwazi ukwakha ulwazimagama.

Umsebenzi

Bhala ulwazimagama nencazelo efanele kusichazamazwi	
kunyenyeza	kuhlebeza
kuphawula	kusho/ kukhuluma
bacupha kahle	ukuhlala ulindele
ingoma	iculo
Mnyawu	ukukhala kwekati
isicabha	isivalo
wayeqhaqhazela	ukwethuka kakhulu

Esifundweni 3

Qhubeka nokuxoxa ngezithombe

- **Bakhumbuze** isihloko sendaba, '**Umbukiso wezilwane'**
- **Buza,** "Sigcine kwenzekani?

Vula ikhasi 14 ne-15

- Bakhumbuze la nigcine khona.
- Buza, "Konje ubesekuphi uNono manje la? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 16 ne-17

- **Buza,** "Ubonani? Kwenzakalani manje? Ingabe bamenzani uNono? Ucabanga ukuthi uNono uyabacabanga yini oKuku noBathathe?
- **Babonise** igama '**zazethukile'** chaza kuyini.
- **Buza,** "Yini sengathi uNono akafuni ukuba la? Ingabe bazenzani izilwane? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 18 ne-19

- **Buza**, "Wenzani uNono la? Obani laba abanye asebenza nabo? Ingabe basebenzela ubani?"
- **Buza**, "Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo.

Vula ikhasi 20 ne-21

- **Buza,** "Nibonani manje? Nicabanga sekwenzakalani manje?"
- Babonise amagama **'epulazini, esezace, esephethuke'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza**, "Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Yisho,** "Siyoqhubeka ngesikhathi esilandelayo sibone ukuthi indaba yaphela kanjani."

Esifundweni sesi-4

- **Sekufundwa incwadi namuhla.**
- **Bakhumbuze** isihloko sendaba **'Umbukiso wezilwane'.**
- **Bafundele isihloko sencwadi.**

Vula ikhasi-1

- Bafundele imisho emibili.
- **Buza, "**Ingabe yini le engenziwa izilwane? Yini indaba uKuku ethi akufanele bahlale bengenzi lutho?"
- **Buza, "**Ucabanga ukuthi kuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 2 ne-3

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa ekhasini -2**
- **Buza, "**Yini uqedisizungu?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Ingabe sezikwazi ukwenzani izingane zabo? Ifakwa kuphi imali?"

Vula ikhasi 4 ne-5

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa ekhasini -4.**
- **Buza, "**Ubani owayedansa kahle?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza, "**Kusho ukuthini ukuthi bethathekile?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini 5.**
- **Buza**, "Eyani imicimbi ababeyenza?"

Vula ikhasi 6 ne-7

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -6.**
- **Buza, "**Ukwenzani ukufuya?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Ingabe yayicasheleni lendoda?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini 7.**
- **Buza**, "Kuthiwa iyiphi lemicabango abantu abanayo?
- **Vula ikhasi 8 ne-9**
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -8**
- **Buza,** "Inyenyeze yathini indoda? Ubani lelikati efuna ukubaleka nalo?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -9**
- **Buza**, "Yini indaba ezofaka ikati ejazini? Qagela sebezokwenzani manje ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 10 ne-11

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -10**
- **Buza**, "Kuthiwani manje? Yini ndaba befuna ukubaleka nesilwane? Ucabanga ukuthi bazozenzani izilwane?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -11**
- **Buza**, "Kusho ukwenzani ukucupha?"

Vula ikhasi 12 ne-13

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -12**
- **Buza,** "Obani laba abathi 'Ho!' Kwenzekani? Ingabe sebentshontsha uNono?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -13**
- **Buza**, "Ucabanga ukuthi bamusaphi uNono? Ucabanga ukuthi uzizwa kanjani uNono njengoba bemkhiyela ekesini? Yini ikesi?"
- **Yisho, "**Siyoqhubeka sizwe ukuthi bamusaphi uNono, ingabe bazophatheka kanjani oKuku noBathathe."
- **Abaqagele** ukuthi kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo.

Basize ubachazele isu leminwe emihlanu elizobasiza bakwazi ukufunda amagama abehlulayo ngokushesha bangangingizi.



Isithupha –

- Shiya igama ongalazi bese ufunda umusho wonke.



Umunwe wokukhomba –

- Buka isithombe kanye nesihloko.



Umunwe ophakathi –

- Zibuze ikhona ingxenye yegama ongakwazi ukuyifunda.



Umunwe wendandatho –

- Phimisa igama ngokwemisindo.



Ucikicane –

- Buza uthisha wakho ukuthi igama lisho ukuthini.

Esifundweni sesi-5

- **Bakhumbuze** isihloko sendaba **'Umbukiso wezilwane'**

Vula ikhasi 12 ne-13

- **Buza, "**Konje sigcine kwenzakalani endabeni? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 14 ne-15

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa ekhasini -14**
- **Buza,** "Obani laba abathathe uNono futhi bazomenzani?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Kusho ukuthini ukuthi umuntu usebenzile ngempela?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa ekhasini -15.**
- **Buza**, "Ingabe bafika kuphi kanti oNono?
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Yini isicabha?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Ucabanga ukuthi uqhaqhazeliswa yini uNono? Olwani uvalo analo?"
- Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"
- **Bakhumbuze** amagama **'wayeqhaqhazela, isicabha'**

Vula ikhasi 16 ne-17

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -16**
- **Buza**, "Zethuswa yini izilwane uma ucabanga? Wena ungaphatheka kanjani uma bengabaleka nawe njengoNono?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa ekhasini -17.**
- **Buza**, "Ake usho ukuthi basale bathini oKuku noBathathe ngomngani wabo?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Yini ecatshangwa uNono ngoKuku noBathathe?"

Vula ikhasi 18 ne-19

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -18**
- **Buza,:** "Wena uthini ngalokhu okucatshangwa uNono ngabantu esingabazi?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -19**
- **Buza**, "Ingabe basebenzela bani manje?"
- **Bakhumbuze** amagama **'kubanda, emasimini'.**
- **Abaqagele** ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo.

Vula ikhasi 20 ne-21

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -20 umusho owodwa.**
- **Buza,** "Ingena kanjani imali epulazini uma ucabanga?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -21**
- **Buza**, "Yini ndaba uNono esezacile?"
- **Bakhumbuze** amagama **'ezacile, esephothuke'**
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo**
- **Buza,** "Ingabe imnandi impilo la epulazini noma cha? Usho ngani?"

Vula ikhasi 22

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza,** "Ingabe injani lendawo abalala kuyo uma ucabanga?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo**
- **Buza, "**Ingabe uNono wayelala endaweni enjani ekhaya lakhe?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza, "**Kusho ukuthini ukuthi uNono wayedinwe ngempela?"
- **Yisho, "**Siyoqhubeka sidlale umdlalo ngendaba esikhathini esilandelayo."

Basize ukukwazi ukuzwa nokubona amalunga emagameni anomsindo 'sh'.

Mabashaye izandla emisindweni yamagama.

kusho >k/u/sh/o/
eyayicashile > e/y/a/y/i/c/a/sh/i/l/e/

Umsebenzi

Hlukanisa amagama ngombala obomvu ngokwamalunga	
eyayicashile	> e/y/a/y/i/c/a/sh/i/l/e/
shona	
kushisa	
shibilika	
shanela	
sezikhishiwe	
shuba	

Esifundweni 7

Bakhumbuze isihloko sendaba kanye nokulandelana kwezigameko

- **Yisho,** "Namuhla kudlalwa umdlalo ngendaba."
- **Buza**, "Obani abazoba abalingiswa?" UNono, uKuku, noBathathe, abantu ababukelayo?
- **Buza, "U**bani ozoba amadoda azontshontsha uNono?

Buza, "Ubani ozoba ezinye izilwane ezazinoNono epulazini?"

- **Buza**, "Ubani ozoxoxa indaba?"
- **Yisho,** "Abanye bazosiza abalingiswa."

Awuqaleke umdlalo. Basize uma bengasakhumbuli ukulandelana kwezigameko.
Basize bakwazi ukuphendula imibuzo mayelana nendaba.

Umsebenzi

Phendula lemibuzo elandelayo

Imibuzo	Izimpendulo- Kokolozela impendulo efanele
Ubani umlingiswa osemqoka?	Ukuku/ uBathathe/ UNono
Sifundo sini esisithola kulendaba?	Ubobaleka uma ubona abantu ongabazi./ Izilwane zinamalungelo
Bamntshontsha kanjani uNono?	Bamfaka esakeni/ Bamvalela ekesini.
Babezomenzani uNono?	Wayezodansa epulazini/ Wayezosebenza enzele umnikazi wepulazi imali.
Sithini isiphetho sendaba?	UNono wayesezacile/ UNono wayengenayo indawo efudumele yokulala.
Sithini sihloko sendaba?	UNono epulazini/ Umbukiso wezilwane/ UNono umdansi.

Isihloko sencwadi ‘Uphi uNono?’ Izinga lesi-5

Ukulungiselela izifundo:
Yiba nekhadi elinesihloko sencwadi.



Yiba nalawa makhadi amagama amasha:

Amagama amasha	Amagama asetshenziswe kaningi
ushonephi	uNono
lwaphetha	uKuku
iwunga	uBathathe
sizobikela	igwababa
ijele	basiza
neziboshwa	
ukuphepha	
esiteshini	
isihlobo	
ubufakazi	

- **Xoxa** ngekhava yencwadi.
- **Buza**, "Kwenzakalani la, Obani laba? Ucabanga ukuthi bayaphi? Ingabe ithini lenkukhu? Sisalikhumbula igama lenkukhu nelekati. Obani? Kwagcina kwenzekani encwadini ye-4?"
- **Babonise** isihloko sencwadi.
- **Yethula** isihloko sencwadi: **'Uphi uNono?'**

Vula ikhasi elilandelayo

- **Chaza, "**Le incwadi yesi-5 esezingeni lesi-3. Ikhona enye e-1 esizoyifunda uma siqeda le.

Vula ikhasi elilandelayo

- **Chaza, Y**abhalwa abakwa- Shuter & Shooter ngonyaka ka-2017 Kwazulu Natal, babonise nenombolo yencwadi. ISBN

Vula ikhasi -1

- **Buza, "**Kwenzakalani la? Usayikhumbula incwadi ye-4 ukuthi kwenzakalani ngoNono? Manje sekwenzakalani, ingabe bacinga uNono? Uyephi uNono? Konje sithini isihloko sencwadi?"
- **Babonise** igama, **'ushonephi'** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi 2 ne-3,

- **Buza**, "Kwenzakalani manje la ebebedansa khona? Ingabe bayaphi manje abantu? Ingabe bathini oBathathe noKuku?"
- **Babonise** amagama, '**lwaphetha, sizobikela, iwunga'** chaza.
- Abaqagele ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo.

Vula ikhasi 4 ne-5

- **Buza, "**Ake nibabheke bakhuluma ngani manje abangani ababili?"
- **Babonise** amagama '**neziboshwa, ejele'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza**, "Qagela ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 6 ne- 7

- **Buza,** "Kwenzakalani manje? Ucabanga ukuthi bayaphi manje oKuku nezingane zabo? Ingabe bazokwenzenjani ngokulahleka kuka Nono, ucabanga ukuthini wena?"
- Babonise amagama '**ukuphepha, esiteshini samaphoyisa'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza**, "Qagela ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Yisho, "Sizogcina la namhlanje siyoqhubeka ngesikhathi esilandelayo.**

Basize bakwazi ukucozulula amagama ngokwemisindo. **Abashaye** izandla kulamagama asesihlokweni basho ukuthi mingaki imisindo esemagameni.

Uphi> u/ph/i/ -3 imisindo
uNono> u/N/o/n/o/ -5 imisindo

Cozulula amagama ngokwemisindo	
lwaphetha	lw/a/ph/e/th/a/
sizobikela	
iwunga	
neziboshwa	
ejele	
ukuphepha	
esiteshini	
samaphoyisa	

Esifundweni 2

Qhubeka nokuxoxa ngezithombe

- **Bakhumbuze** isihloko sendaba, '**Uphi uNono?**'
- **Buza,** "Sigcine kwenzekani?

Vula ikhasi 6 ne-7

- **Bakhumbuze** la nigcine khona.
- **Buza**, "Bayaphi manje futhi babuya kuphi? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 8 ne-9

- **Buza,** "Ucabanga ukuthi uthini uKuku noBathathe ngesithombe sikaNono? Obani laba akhuluma nabo? Ingabe bazothini uma ucabanga?"
- **Buza**, "Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 10 ne-11

- **Buza**, "Ingabe bafuna kuphi manje? Usho ngani? Ucabanga ukuthi bazomthola yini uNono la?"
- Babonise amagama '**silahlekelwe, ekhonsathini, isimemezelo, ubufakazi**' chaza kusho ukuthini.
- **Buza**, "Qagela ukuthi sekuzokwenzekalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 12 ne-13

- **Buza,** "Ingabe bafuna kuphi manje la? Ubani lo ababuza kuye uma ucabanga? Bheka igama lehovisi esivalweni, lithini?"
- **Babonise** igama '**yaduma, ekufuneni**' chaza kuyini.
- **Buza**, "Qagela ukuthi sebezokwenzani emva kokudla?"

Vula ikhasi 14 ne-15

- **Buza,** "Kukuphi manje la? Ingabe obani laba futhi benzani? Yini le esesihlahleni/ Ingabe ithini?"
- **Babonise** amagama '**dade, betheza, igwababa**' chaza kusho ukuthini.
- **Buza**, "Qagela ukuthi sebezokwenzani ekhasini elilandelayo?"

Basize bakwazi ukwakha ulwazimagama.

Umsebenzi

Bhala ulwazimagama nencazelo efanele kusivhazamazwi	
silahlekelwe,	Ukungazi ukuthi umuntu noma into ikuphi.
ekhonsathini	emdansweni
dade	ntombi
betheza	Ukufuna izinkuni zokubasa
igwababa	inyoni
yaduma	Yaziwa abantu abaningi
ekufuneni	ekucingeni

Esifundweni 3

Qhubeka nokuxoxa ngezithombe

- **Bakhumbuze** isihloko sendaba, '**Uphi uNono'.**
- **Buza,** "Sigcine kwenzekani?

Vula ikhasi 14 ne-15

- Bakhumbuze la nigcine khona.
- Buza, "Konje sithe benzani laba omama? Igwababa lithini? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 16 ne-17

- **Buza,** "Kwenzakalani manje? Ingabe balaleleni? Ucabanga ukuthi bamtholile yini uNono oKuku noBathathe?
- **Babonise** igama '**ziphuphe'** chaza kuyini.
- **Buza,** "Ingabe baphatheke kanjani njengoba bengamtholi uNono? Izingane zakhe ngabe ziyalala kahle ngaphandle kukaNono? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 18 ne-19

- **Buza**, "Yini le ephezu kwendlu? Ingabe lithini kuKuku? Ingabe bacabangani?"
- **Babonise** amagama **'nikhathazekile, babenovalo'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza**, "Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo.

Vula ikhasi 20 ne-21

- **Buza,** "Lisaqhubeka igwababa ingabe lithini kanti? Nicabanga ukuthi lizobasiza noma cha?"
- **Buza**, "Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Yisho,** "Siyoqhubeka ngesikhathi esilandelayo sibone ukuthi indaba yaphela kanjani."

Esifundweni sesi-4

- **Sekufundwa incwadi namuhla.**
- **Bakhumbuze** isihloko sendaba **'Uphi uNono?**
- **Bafundele isihloko sencwadi.**

Vula ikhasi-1

- Bafundele imisho emi-3.
- **Buza, "**Yini indaba behamba bememeza?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Bakhumbuze** igama **'ushonephi'.**
- **Buza, "**Bafuna bani? Ucabanga ukuthi bazomthola? Ingabe ushonephi uNono?"

Vula ikhasi 2 ne-3

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa ekhasini -2**
- **Buza, "**Yiluphi lolusuku abalishoyo?"
- **Bakhumbuze** igama **'lwaphetha'**
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Ingabe bakhalelani manje?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Bazowabikela ini amaphoyisa?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa ekhasini -3**
- **Buza, "**Ubani osaba amaphoyisa?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Yini iwunga?"
- **Buza**, "Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 4 ne-5

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa ekhasini -4.**
- **Buza, "**Usho baphi abafana uBathathe?"
- **Babonise** uphawu **'!'** chaza lusebenza kanjani.
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini 5.**
- **Buza**, "Ubani owaziyo ejele, kunjani?"
- **Bakhumbuze igama 'neziboshwa'.**

Vula ikhasi 6 ne-7

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -6.**
- **Buza, "**Ukwenzani ukuphepha? Amaphoyisa akubhekelela kanjani ukuphepha kwabantu?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini 7.**
- **Buza**, "Ingabe bayokwenzani esiteshini samaphoyisa?"
- **Bakhumbuze** igama **'esiteshini'.**
- **Vula ikhasi 8 ne-9**
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -8**
- **Buza,** "Inyenyeze yathini indoda? Ubani lelikati efuna ukubaleka nalo?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -9**
- **Buza**, "Ucabanga ukuthi bazomthola yini uNono? Qagela sebezokwenzani manje ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 10 ne-11

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -10**
- **Buza**, "Ubani lesi sihlobo sabo esibalahlekele?"
- **Bakhumbuze** igama **'isihlobo'.**
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "eyani le khonsathi ebebecula kuyo? Kanti kwenzekani ekhonsathini?"
- **Bakhumbuze** igama **'ekhonsathini'**
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -11**
- **Buza,** "Ubani kanti lendoda? Buyini ubufakazi?"
- **Bakhumbuze** amagama, isimemezelo, ubufakazi?"

Vula ikhasi 12 ne-13

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -12**
- **Buza,** "Walahleka kanjani uNono?
- **Bakhumbuze** igama **'yaduma'**
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -13**
- **Buza**, "Ucabanga ukuthi abantu babasiza kanjani oKuku noBathathe ekufuneni uNono?
- **Bakhumbuze** igama **'ekufuneni'**
- **Abaqagele** ukuthi kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo.

Basize ubachazele isu leminwe emihlanu elizobasiza bakwazi ukufunda amagama abehlulayo ngokushesha bangangingizi.



Isithupha –

- Shiya igama ongalazi bese ufunda umusho wonke.



Umunwe wokukhomba –

- Buka isithombe kanye nesihloko.



Umunwe ophakathi –

- Zibuze ikhona ingxenye yegama ongakwazi ukuyifunda.



Umunwe wendandatho –

- Phimisa igama ngokwemisindo.



Ucikicane –

- Buza uthisha wakho ukuthi igama lisho ukuthini.

Esifundweni sesi-5

- **Bakhumbuze** isihloko sendaba **'Uphi uNono?'**

Vula ikhasi 12 ne-13

- **Buza, "**Konje sigcine kwenzakalani endabeni? Ingabe bamfuna kuphi uNono? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 14 ne-15

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -14**
- **Buza,** "Kusho ukuthini ukutheza?"
- **Bakhumbuze** igama **'ukutheza'.**
- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa ekhasini -15.**
- **Buza**, "Yini igwababa?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Kusho ukuthini ukuthi **'abalinaka'**? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"
- **Bakhumbuze** igama **'abalinaka'**

Vula ikhasi 16 ne-17

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -16**
- **Buza**, "Yini eyayingasekho? Ingabe kwasekuqedwe yini ukujabula?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa ekhasini -17.**
- **Buza**, "Ingabe kwakumnandi yini ukuphupha umama kodwa elahlekile? Wawungaphatheka kanjani uma wawuyizingane zikaNono?"
- **Bakhumbuze** igama **'ziphuphe'.**

Vula ikhasi 18 ne-19

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -18**
- **Buza,** "Kusho ukuthini ukukhathazeka? Ucabanga ukuthi bazolinaka yini oKuku igwababa njengoba libuza? Lazi ngani ukuthi bakhathazekile?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -19**
- **Buza**, "Kusho ukuthini ukuba novalo? Yini indaba babenovalo?"
- **Bakhumbuze** amagama **'nikhathazekile, babenovalo'.**
- **Abaqagele** ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo.

Vula ikhasi 20 ne-21

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -20.**
- **Buza,** "Ukwenzani ukwazisa umuntu? Ingabe lalizobasiza kanjani uma ucabanga?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -21**
- **Buza**, "Ucabanga ukuthi babezohamba kanjani negwababa ngoba liyandiza kodwa bona bahamba ngezinyawo?"
- **Bakhumbuze** igama **'libazisa'**

Vula ikhasi 22

- **Akufunde omunye umfundi umusho.**
- **Buza,** "Inja iyakwazi ukundiza na? Ucabanga ukuthi bazomthola uNono lapho abaya khona negwababa?"
- **Yisho, "**Siyoqhubeka sidlale umdlalo ngendaba esikhathini esilandelayo."

Basize ukukwazi ukuzwa nokubona amalunga emagameni anomsindo 'kh'.

Mabashaye izandla emisindweni yamagama.

khona >kh/o/n/a/> 4 imisindo
ekhonsathini > e/kh/o/ns/a/th/i/n/i/ >9 imisindo

Umsebenzi

Hlukanisa ngombala obomvu amagama ngokwamalunga	
ekhonsathini	e/kh/o/ns/a/th/i/n/i/
khona	
kukhala	
ikhathazekile	
ekhaya	
khipha	
isikhathi	

Esifundweni 7

Bakhumbuze isihloko sendaba kanye nokulandelana kwezigameko

- **Yisho,** "Namuhla kudlalwa umdlalo ngendaba."
- **Buza**, "Obani abazoba abalingiswa?" uKuku, noBathathe, noGwababa?
- **Buza, "U**bani ozoba omama abathezayo?
- **Buza,** "Ubani ozoba abanye abantu ababesiza uKuku noBathathe ukufuna uNono?"
- **Buza**, "Ubani ozoxoxa indaba?"
- **Yisho,** "Abanye bazosiza abalingiswa."

Awuqale-ke umdlalo. Basize uma bengasakhumbuli ukulandelana kwezigameko.

Basize bakwazi ukuphendula imibuzo mayelana nendaba.

Umsebenzi

Phendula lemibuzo elandelayo

Imibuzo	Izimpendulo- Kokolozela impendulo efanele
Ubani umlingiswa osemqoka?	Ukuku/ uBathathe/ UNono/ uGwababa
Sifundo sini esisithola kulendaba?	Usizo ungaluthola noma kubani./ Ungalilahli ithemba
Ubani owayefuna ukubabonisa uNono?	Omama abathezayo/ uGwababa
Ingabe lalazi kanjani igwababa ukuthi ukuphi uNono?	Lalisepulazini nalo labaleka / Lambona ngoba lalindiza phezulu.
Sithini isiphetho sendaba?	Bamthola uNono/ Basizwa uGwababa ukuyofuna uNono.
Sithini sihloko sendaba?	UNono ulahlekile/ Uphi uNono

Isihloko sencwadi ‘UNono efika ekhaya’ Izinga lesi-6

Ukulungiselela izifundo:
Yiba nekhadi elinesihloko sencwadi.

UNono efika ekhaya?

Yiba nalawa makhadi amagama amasha:

Amagama amasha	Amagama asetshenziswe kaningi
icebo	uNono
bayalela	uKuku
Ephatheke kabuhlungu	uBathathe
babezithokozisa	amaphoyisa
babajova	uGwababa
bazobathukusa	
babedansa	
walizungeza	
elikhaliphile	

- **Xoxa** ngekhava yencwadi.
- **Buza**, "Kwenzakalani la, Obani laba? Ucabanga ukuthi bayaphi? Ingabe ithini lenkukhu? Sisalikhumbula igama lenkukhu nelekati, Obani? Kwagcina kwenzekani encwadini ye-5?"
- **Babonise** isihloko sencwadi**.**
- **Yethula** isihloko sencwadi: **'UNono ufika ekhaya'**

Vula ikhasi elilandelayo

- **Chaza, "**Le incwadi yesi-6 esezingeni lesi-3. Zikhona ezinye ezisezingeni -4 esizozifunda uma siqeda le**.**

Vula ikhasi elilandelayo

- **Chaza, Y**abhalwa abakwa- Shuter & Shooter ngonyaka ka-2017 KwaZulu Natal, babonise nenombolo yencwadi. ISBN

Vula ikhasi -1

- **Buza, "**Kwenzakalani la? Usayikhumbula incwadi ye-5 ukuthi sagcina uGwababa ehamba nabo eyobabonisa uNono? Manje sekwenzakalani, ingabe bazomthola uNono? Konje wayaphi uNono? Konje sithini isihloko sencwadi?"
- **Babonise** igama, **'ulibangisephi'** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi 2 ne-3,

- **Buza**, "Sebekuphi manje oGwababa? Ingabe bathini oBathathe noKuku uma ucabanga?"
- **Babonise** amagama, '**walizungeza, izilwane, angikhathali kungathiwani, icebo elikhaliphile'** chaza kusho ukuthini.
- Abaqagele ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo.

Vula ikhasi 4 ne-5

- **Buza, "**Ake nibheke la epulazini, ingabe zenzani izilwane? Niyalibona ikati, ingabe uNono yini lona? Ucabanga ukuthi bazomthola yini oKuku"
- **Babonise** amagama '**bazobathukusa, babedansa'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza**, "Qagela ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 6 ne- 7

- **Buza,** "Kwenzakalani manje? Ucabanga ukuthi abakhathali yini oNono ukudansa? Ingabe bazomthatha kanjani uNono uma ucabanga?"
- Babonise amagama **'babezithokozisa, babajove, wehlisa'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza**, "Qagela ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Yisho, "Sizogcina la namhlanje siyoqhubeka ngesikhathi esilandelayo.**

Basize bakwazi ukucozulula amagama ngokwemisindo. **Abashaye** izandla kulamagama asesihlokweni basho ukuthi mingaki imisindo esemagameni.

babezithokozisa > b/a/b/e/z/i/th/o/k/o/z/i/s/a/ -14 imisindo
babajove> b/a/b/a/j/o/v/e/ -8 imisindo

Cozulula amagama ngokwemisindo	
babezithokozisa	b/a/b/e/z/i/th/o/k/o/z/i/s/a
babajove	
wehlisa	
bazobathukusa	
babedansa	
walizungeza	
izilwane	
elikhaliphile	

Esifundweni 2

Qhubeka nokuxoxa ngezithombe

- **Bakhumbuze** isihloko sendaba, '**UNono ufika ekhaya?**'
- **Buza,** "Sigcine kwenzekani?

Vula ikhasi 6 ne-7

- **Bakhumbuze** la nigcina khona.
- **Buza**, "Konje sithe kwenzakalani la epulazini? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 8 ne-9

- **Buza,** "Ucabanga ukuthi bakuphi oKuku noBathathe manje? Ingabe babuyele emuva ekhaya noma basemzini kaGwababa uma ucabanga?"
- **Babonise** igama **'siyokwazisa'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza**, "Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 10 ne-11

- **Buza**, "Ingabe bafuna ukwenzani manje oKuku noBathathe? Ucabanga ukuthi bazomthola kanjani umngani wabo uNono?"
- Babonise amagama '**akhonela, ephatheke kabuhlungu, babekhumbuzana'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza**, "Qagela ukuthi sekuzokwenzekalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 12 ne-13

- **Buza,** "Ingabe bayokwenzani manje emaphoyiseni? Ucabanga ukuthi amaphoyisa azobasiza ukuthola uNono?
- **Babonise i**gama '**bayalela'** chaza kuyini.
- **Buza**, "Qagela ukuthi sebezokwenzani emva kokuyalela amaphoyisa?"

Vula ikhasi 14 ne-15

- **Buza,** "Yini le? Ingabe iyaphi iveni yamaphoyisa? Ucabanga ukuthi bazobavulela yini epulazini? Ingabe bazomthola uNono?"
- **Babonise i**gama '**icebo'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza**, "Qagela ukuthi sebezokwenzani ekhasini elilandelayo?"

Basize bakwazi ukwakha ulwazimagama.

Umsebenzi

Bhala ulwazimagama nencazelo efanele kusichazamazwi	
bazobathukusa	bazobacashisa
babedansa	babejayiva
babajova	Ukuhlaba ngenalithi
babezithokozisa	bezijabulisa
Ephatheke kabuhlungu	Ukuzizwa ukhathazekile
bayalela	Ukuchazela umuntu indlela eya endaweni ethile
icebo	Isu noma indlela ethile yokwenza into

Esifundweni 3

Qhubeka nokuxoxa ngezithombe

- **Bakhumbuze** isihloko sendaba, '**UNono ufika ekhaya.**
- **Buza,** "Sigcine kwenzekani?

Vula ikhasi 14 ne-15

- Bakhumbuze la nigcine khona.
- **Buza,** "Konje sithe iyaphi leveni yamaphoyisa? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 16 ne-17

- **Buza,** "Kwenzakalani manje? Ucabanga ukuthi athini amaphoyisa kulendoda? Bheka oKuku noBathathe, ingabe bafunani la?"
- **Babonise** igama '**kuqeketha, umusebenzi'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza,** "Ingabe lendoda izowangenisa yini amaphoyisa uma ucabanga? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 18 ne-19

- **Buza**, "Hayi bo! Kwenzakalani manje? Ucabanga ukuthi bababophelani laba?
- **Babonise** amagama **'bomthetho, kuzikhalela'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza**, "Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo.

Vula ikhasi 20 ne-21

- **Buza,** "Ucabanga ukuthi bawayisa kuphi lamadoda manje? Nicabanga ukuthi bazomthola uNono babuyele naye ekhaya?"
- **Buza**, "Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Yisho,** "Siyoqhubeka ngesikhathi esilandelayo sibone ukuthi indaba yaphela kanjani."

Esifundweni sesi-4

- **Sekufundwa incwadi namuhla.**
- **Bakhumbuze** isihloko sendaba **'UNono ufika ekhaya'.**
- **Bafundele isihloko sencwadi.**

Vula ikhasi-1

- Bafundele imisho emi-2.
- **Buza, "**Babendiza beyaphi oKuku?"
- **Bakhumbuze** igama **'ulibangisephi'.**
- **Buza, "**Bafuna bani? Ucabanga ukuthi bazomthola yini?"

Vula ikhasi 2 ne-3

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa ekhasini -2**
- **Buza, "**kusho ukuthini ukuthi walizungeza?"
- **Bakhumbuze** igama **'walizungeza'**
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Yini ndaba uBathathe ehlezi phezu kukaGwababa?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Ingabe uNono uzobabona yini oKuku noBathathe?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa ekhasini -3**
- **Buza, "**Uthuswa yini uKuku?"
- **Bakhumbuze** lesi sisho **'angikhathali kungathiwani'**
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Yini icebo elikhaliphile?"
- **Buza**, "Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 4 ne-5

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa ekhasini -4.**
- **Buza, "**Ingabe bazobathukuselani oNono?"
- **Babonise** uphawu **',ukhefane,** chaza lusebenza kanjani.
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini 5.**
- **Buza**, "Yini ndaba oNono babengakwazi nokuma kahle?"
- **Bakhumbuze** igama **'bazobathukusa'.**

Vula ikhasi 6 ne-7

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -6.**
- **Buza, "**Ukwenzani ukuzithokozisa?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza, "**Hawu! Konje umuntu uvumelekile yini ukusebenzisa umjovo uma engesiye udokotela?"
- **Bakhumbuze igama 'babajove'.**
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini 7.**
- **Buza**, "Ingabe ujikelani manje uGwababa?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Kusho ukuthini ukuthi wemuka njalo?"
- **Bakhumbuze** igama **'wemuka'.**
- **Vula ikhasi 8 ne-9**
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -8**
- **Buza,** "Yini lento abazoyiqala?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza, "Yini indaba bekuthulekile isikhathi eside?"**
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -9**
- **Buza**, "Ucabanga ukuthi yini le abayibonileyo azoyazisa amaphoyisa?"

Vula ikhasi 10 ne-11

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -10**
- **Buza**, "Yini umsebenzi wamaphoyisa?"
- **Bakhumbuze** igama **'akhonela'.**
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Yini emphethe kabuhlungu uBathathe?"
- **Bakhumbuze** igama **'kabuhlungu'**
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -11**
- **Buza,** "Yini indaba bezoyalela amaphoyisa?"
- **Bakhumbuze** igama **'bayalele'**

Vula ikhasi 12 ne-13

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -12**
- **Buza,** "Babembone kuphi uNono?"
- **Bakhumbuze** igama **'bayalela'**
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -13**
- **Buza**, "Ucabanga ukuthi amazelaphi uNono amaphoyisa?"
- **Abaqagele** ukuthi kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo.

Basize ubachazele isu leminwe emihlanu elizobasiza bakwazi ukufunda amagama abehlulayo ngokushesha bangangingizi.



Isithupha –

- Shiya igama ongalazi bese ufunda umusho wonke.



Umunwe wokukhomba –

- Buka isithombe kanye nesihloko.



Umunwe ophakathi –

- Zibuze ikhona ingxenye yegama ongakwazi ukuyifunda.



Umunwe wendandatho –

- Phimisa igama ngokwemisindo.



Ucikicane –

- Buza uthisha wakho ukuthi igama lisho ukuthini.

Esifundweni sesi-5

- **Bakhumbuze** isihloko sendaba **'UNono ufika ekhaya'**

Vula ikhasi 12 ne-13

- **Buza, "**Konje sigcine kwenzakalani endabeni? Ingabe bafunani oBathathe emaphoyiseni? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 14 ne-15

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -14**
- **Buza,** "Kukuphi la bakhomba khona?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -15.**
- **Buza**, "Yini icebo?"
- **Buza,** "Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 16 ne-17

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -16**
- **Buza**, "Kuyiqiniso lokhu ukuthi babefuna amaqanda?"
- **Bakhumbuze** igama **'kuqeketha'**
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -17.**
- **Buza**, "Kanti usebenzani lomsebenzi la epulazini?"
- **Bakhumbuze** igama **'umusebenzi'.**

Vula ikhasi 18 ne-19

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -18**
- **Buza,** "Ingabe bebenze ikhonsathi yokudansa kwezilwane? Pho imali bayithathephi?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -19**
- **Buza**, "ucabanga ukuthi uzikhalela uthini lo? Yini abantu bomthetho?"
- **Bakhumbuze** amagama **'ezikhalela' .**
- **Abaqagele** ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo**.**

Vula ikhasi 20 ne-21

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa ekhasini -20.**
- **Buza,** "Kusho ukuthi ukuzaca? Yini eyayizacise uNono?"
- **Bakhumbuze igama 'sebezacile'**
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Obani ababeqoqene ekhoneni? Ingabe babesaba ini?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -21**
- **Buza**, "Ingabe bazizwa benjani oKuku noBathathe ukuthola uNono? Yena uNono wazizwa enjani? Qagela indaba izophela kanjani?"

Vula ikhasi 22

- **Akufunde omunye umfundi.**
- **Buza,** "Yini le ayoyikhuluma phambili lamadoda? Yini indaba amaphoyisa ethatha izithombe zokwenzeka epulazini? Ikuphatha kanjani lendaba? Ingabe uNono ufikile ekhaya ekupheleni kwendaba?"
- **Yisho, "**Siyoqhubeka sidlale umdlalo ngendaba esikhathini esilandelayo."

Basize ukukwazi ukuzwa nokubona amalunga emagameni anomsindo 'ph'.

Mabashaye izandla emisindweni yamagama.

ulibangisephi >u/l/i/b/a/ng/i/s/e/ph/i/ >11 imisindo
amaphoyisa> a/m/a/ph/o/y/i/s/a/ >9 imisindo

Umsebenzi

Hlukanisa ngombala obomvu amagama ngokwamalunga	
ulibangisephi	u/l/i/b/a/ng/i/s/e/ph/i/
ephatheke	
laphaya	
phansi	
phambili	
amaphoyisa	
elikhaliphile	

Esifundweni 7

Bakhumbuze isihloko sendaba kanye nokulandelana kwezigameko

- **Yisho,** "Namuhla kudlalwa umdlalo ngendaba."
- **Buza**, "Obani abazoba abalingiswa?" uKuku, noBathathe, noGwababa?
- **Buza, "O**bani abazoba amaphoyisa nomusebenzi?
- **Buza,** "Ubani ozoba amadoda abanikazi bepulazi?"
- **Buza**, "Ubani ozoxoxa indaba?"
- **Yisho,** "Abanye bazosiza abalingiswa."

Awuqale-ke umdlalo. Basize uma bengasakhumbuli ukulandelana kwezigameko.

Basize bakwazi ukuphendula imibuzo mayelana nendaba.

Umsebenzi

Phendula lemibuzo elandelayo

Imibuzo	Izimpendulo- Kokolozela impendulo efanele
Ubani umlingiswa osemqoka?	Ukuku/ uBathathe/ UNono/ uGwababa/ amaphoyisa
Sifundo sini esisithola kulendaba?	Kuhle ukuba necebo lokwenza into / Ungalilahli ithemba uma ufuna into.
Abona kanjani amaphoyisa epulazini?	Aboniswa uKuku noBathathe babehamba nabo/ Aboniswa igwababa.
Aboshwa kanjani amadoda epulazi?	Amaphoyisa aya epulazini abathola bebala imali yomdanso wezilwane/ Azisa emaphoyiseni
Sithini isiphetho sendaba?	Bamthola uNono/ UNono wafika ekhaya.
Sithini sihloko sendaba?	UNono ufika ekhaya/ Uphi uNono